Isiqinisiso 2

Isihloko sesifundo: IPhentekhoste: Ukuthululwa koMoya oNgcwele

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: IPhentekhoste: Ukuthululwa koMoya oNgcwele

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Isenzo
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). Qaphela: 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lezizifundo zilungele amabanga (ISikole SangeSonto-SS; Imfundo yoKholo-RI noma IsiQinisiso). 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Isenzo
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. *Isibonelo*: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela.
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesiQinisiso -2 nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.

Isifundo

Isihloko	IPhentekhoste: Ukuthululwa koMoya oNgcwele.
Umbhalo weBhayibheli	Izenzo 2: 1 – 40
Inhloso yesifundo	Izingane zithola ulwazi ngokuthi kwenzekani ngePhentekoste.

Isifundo esifingqiwe:

Iyini iPhentekhoste na?

• Igama elithi Phentekoste lisho ama-“50” futhi bekungumkhosi wamaJuda owenziwa ezinsukwini ezingama-50 emva kwePhasika / Usuku lokukhumbula ukufa nokuvuka kukaJesu Kristu.
• IPhentekoste usuku lapho uMoya oNgcwele wathululwa ngalo.
• Lithathwa njengosuku lokuzalwa kweBandla lobuKristu.

Kwenzekani ngePhentekhoste na?

• UJesu wabuyela ezulwini futhi washiya abafundi emhlabeni.
• Ngaphambi kokuba uJesu ahambe, wathembisa ukuthi uNkulunkulu uzothumela kubafundi uMoya oNgcwele, ozoba nabo kuze kube phakade.
  - Wabatshela ukuthi balinde eJerusalema aze afike uMoya oNgcwele.
  - Emva kokuba uJesu ebuyele ezulwini, kwadingeka ukuba balinde izinsuku eziyi-10 ngaphambi kokuba kufike uMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele wafika ngeholide elikhethekile elibizwa ngePhentekoste.
• Ekuseni ngosuku lwePhentekhoste, cishe ngehora lesishiyagalolunye, bonke abafundi babebuthene ndawonye. Ngokuphazima kweso, kwaba nomoya onamandla, osheshayo owangena wagcwalisa indlu yonke.
• Kwase kubonakala kubo izilimi ezahlukeneyo kungathi ezomlilo phezu kwamakhanda abo. Bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele futhi baqala ukukhuluma ngezinye izilimi noma izilimi njengoba uMoya oNgcwele wabenza bakwazi ukukhuluma.
• Ngenxa yokugujwa komkhosi wePhentekhoste, kwakukhona abantu abaningi kakhulu edolobheni laseJerusalema. Lababantu babevela emazweni amaningi ahlukahlukene futhi bekhuluma izilimi eziningi ezahlukene.
• UMoya oNgcwele, owayegcwalise abafundi, wabanika amandla, futhi wenza ukuthi bakwazi ukwenza into ababengeke bakwazi ukuyenza ngaphambili. Abafundi babekhuluma ngezilimi ezahlukahlukene. Babekhuluma ngoNkulunkulu nangezinto ezinhle azenzileyo.
  - Abanye abantu balalela bemangele kanti abanye benza inhlekisa ngabafundi.
• Bababhuqa bathi: “Bagcwele iwayini elimnandi”.

Intshumayelo yoMphostoli uPetru:

• UPetru, omunye wabafundi, wasukuma wanikeza intshumayelo enkulu. UPetru watshela abantu, ukuthi laba babafundi abadakiwe, ngoba phela bekuyihora lesi- 9 ekuseni.
• Wachaza ukuthi loko abantu ababekubona kwakunguNkulunkulu obekagcina isithembiso saKhe sokuthumela uMoya oNgcwele.
• Watshela abantu konke ngoJesu, ukuthi wafika kanjani, wafa, nokuthi wavuswa kwabafileyo. Wabatshela ukuthi uNkulunkulu umenze kanjani uJesu abe yiNkosi noKristu.
• Iningi lalaba bantu laliseJerusalema ngenkathi uJesu ebethelwa esiphambanweni, efa futhi wangcwatshwa. Iningi labo lezwa ukuthi uJesu uvuke kanjani kwabafileyo, nokuthi wabonwa kanjani ngabantu abaningi.
• Manje, kwakukhona abafundi bakaJesu, ngamandla oMoya oNgcwele, bekhuluma ngokuyisimangaliso ngezilimi ababengazazi.
• Abantu manje base bebanolwazi lokuthi lokho uPetru ayekusho kwakuyiqiniso futhi bafuna nokwazi ukuthi ngabe yini okwakufanele bakwenze ukuze basindiswe.
• UPetru wathi: “Phendukani, yilowonalowo abhapathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu; khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Izenzo 2: 38.
• Ngalolo suku, abantu abayizi-3000 bakholwa kuJesu, babhapathizwa, futhi bangezwa ebandleni likaKristu. Bachitha isikhathi sabo nabaPhostoli, bafunda kubo ngokuhlangana, futhi bahlanganyela nasekudleni nasemikhulekweni.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

• UJesu wasigcina isithembiso saKhe sokuthululwa koMoya oNgcwele. Uzosigcina isithembiso saKhe sokuza azosilanda.
• Kufanele sitshele abangane bethu ngoMoya oNgcwele nangamandla aKhe. Ukuze nabo babe ngabantwana bakaNkulunkulu.
• Ngokunjalo nathi kufanele siphenduke, sihlale ndawonye njengabantwana bakaNkulunkulu.
• Sigubha umkhosi wePhentekoste ukubungaza noma ukukhumbula usuku lokuthululwa kukaMoya oNgcwele.
• Sikhumbula ukusungulwa noma ukuqala kweBandla lamaKristu okuqala - usuku lokuzalwa kweBandla likaKristu.

Isiphetho

• Esinye isizathu esenza iPhentekoste ibaluleke kithina ukuthi inkonzo yethu yePhentekoste ibanjwa iNhloko yabaPhostoli futhi isakazwa bukhoma kumabonakude weBandla lobuPhostoli oBusha - NAC TV emabandleni amaningi emhlabeni wonke ngangokunokwenzeka.
• UMoya oNgcwele unguMsizi wethu, uMduduzi noMoya weqiniso kuze kube usuku lokubuya kuJesu Kristu.

Yenza umsebenzi 1, 2 no-3 nengane yakho.

Izimpendulo zoMsebenzi wesi-2:

Umbuzo 1: 20 - Umsindo ovela ezulwini. Umbuzo 2: 9 - Njengezilimi zomlilo. Umbuzo 3: 3 – Yilowo nalowo ngolimi lwakubo. Umbuzo 4: 50 – UPetru. Ifomula yezibalo: 20 aphindaphindwe ngesi-9 ahlukaniswe ka-3 aphindaphindwe ngama-50 = 3000

Izimpendulo zoMsebenzi wesi- 3:

ISipenishi:	1 - D
IsiJalimane:	2 - E
IsiNgisi:	3 - F
IsiFulentshi:	4 - B
IsiPutukezi:	5 - A
IsiRashiya:	6 - C

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen.